


UMfundisi Tony Alamo | Isizwe Sama Kristu Sakwa-Alamo | IVolumu 20100

# IMIZAMO EMITHATHU ENGAPHUMELELANGA UKUWISA UNKULUNKULU

**Ngokuka Tony Alamo**

Akukuhlulphi ukuthi uSathane uye wakhohlisa izwe lonke? Ngokusobala uye, wenza imizamo yokuthatha isikhundla sikaNKULUNKULU kanye nombuso kaNKULUNKULU, izikhathi ezintathu. Emibili imizamo yakhe iye yahluleka kabuhlungu, futhi lomzamo wesithathu aphezu kwawo, kulona lelihora uzokwehluleka nawo maduze nje.

Umzamo kaSathane wokuqala wokuwisa uNKULUNKULU wabe useNgadini e-Edene ngesikhathi uSathane ebuza uEva, "Ngempela uNkulunkulu ushilo yini ukuthi?" UGenesise 3:1-3 uthi, "Inyoka [uSathane] yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle uJEHOVA uNKULUNKULU abezenzile. Ngakho yathi kowesifazane, Ingabe uNKULUNKULU ushilo ngempela ukuthi akumele nidle kuyo yonke imithi yensimu? Owesifazane [Kunokuthi ayithethise noma ayikhapheze], uthe enyokeni, singadla izithelo zemithi yasensimini." Kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi, "Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi." Uma uNKULUNKULU ethi, "ukuze ningafi," akasho ukuthi ukufa kuyinto ethatha isikhashana noma yinto encinyane elubala nje. Usho ukuthi ukufa kungukufa kwaphakade emphefumulweni womuntu wesilisa noma owesifazane, ingunaphakade, emalangabini aseSihogweni. Iqiniso ngaloludaba livezwe kuyo yomibili Imibhalo Engcwele yeTestamende Elidala kanye neLisha.[1]



*Abefundisi uTony noSusan Alamo be kanye ne-okhestra ohlelweni lwabo lukamabonakude lwezizwe ngezizw* *isithombe sithathwe ngonyaka ka 1974*

Owesifazane, kanye neningi labantu emhlabeni wonke, abakaze bacabange nakancane ukuthi uma bemukela umzindlo nenkulumo kaSathane, kusho ukwemukela ingunaphakade elilusizi ngokweqile, iSihogo esingayikuphela, esinomphumela ophithanisa ikhanda emphefumulweni kanye nasengqondweni yalowo muntu ozithola eseSihogweni. ISihogo siyobhodla intuthu yalowo muntu esimtholele kuze kubephakade (IsAmbulo 14:9-11) Labo abakhonza uSathane (labo abalalela) uhulumeni wakhe owodwa womhlaba kanye nesonto lakhe lomhlaba (amaKhatholika) bayohlangabezana nesiphetho esisodwa.[2] USathane enesimo sobunyoka, futhi nangendlela anobuqili ngayo, wakhohlisa uEva, kunamanje ukhohlisa umhlaba wonke.[3]

Encwadini yesAambulo 12:9, uSathane ubizwa njengodrako omkhulu. "Wayesephonswa phansi [wakhishwa eZulwini] udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa umhlaba wonke." USathane wabe azi ukuthi ngokudukisa uEva, wayezodala ukuthi umhlaba wonke ubhujiswe ugwetshwe.[4] UEva ube ngumvangeli wokuqala kaSathane; ubeyimbuzi yokuqala. Ukuze ubeyimbuzi kaSathane, awukwazi ukukholelwa kuJESU noma ubengomunye wabafundi BAKHE. Awukwazi ukuphila impilo ezithibile, impilo ebethelwe yobuKRISTU, kodwa kufanele ukhululeke ukwenza nanoma yini oyifunayo. Angeke ukwazi ukufakaza ngoKRISTU kodwa kufanele uMphike, LOWO oweza emhlabeni ukuzosindisa izoni.[5]

Uma uSathane ethi kuEva ngokuqinisekile ngeke nife, niyakuba njengoNkulunkulu, ngakho yidla futhi unike nendoda yakho isithelo esifanayo ukuba idle, uEva wenza njengoba etshelwa, futhi wavangela endodeni yakhe. Amehlo abo bobabili avuleka (UGenesise 3:7). Baqala ukwazi ukuthi bayizoni nokuthi babekade bekhohlisiwe. Ukubuswa komhlaba kwase kusezandleni zikaSathane esikhundleni sokuthi kube sezandleni zabo. Futhi akukho okunye okwakungababuyisela kuNkulunkulu ngaphandle kokufa nokuvuka kukaKristu ngesikhathi esizayo.

Ekuqaleni, uNKULUNKULU wabusisa uAdamu kanye noEva ngaphezu kwazo zonke izidalwa. Wabanika umbuso ngaphezu kwawo wonke umhlaba nezulu

*(Kuyaqhubeka ekhasini 2)*

**1** AmaH. 9:17, Isaya 5:11-15, 33:10-14, 66:24, Math. 3:12, 5:29, 7:13, 8:11-12, 10:28, 13:38-42, 47-50, 18:6-9, 22:8-13, 25:31, 41-46, Mark. 9:42-48, Luk. 3:17, 16:19-26, 2 Thes. 1:7-9, 2 Petr. 2:1-9, Juda 5-7, IsAmb. 14:9-11, 19:20, 20:15, 21:8, 27 **2** IsAmb. 13:1-8, 14:8-11, 17:1-15, 18:1-8 **3** Gen. 3:1-6, Isaya 14:9-17, Math. 24:11-12, 24, 2 Kor. 4:3-4, 11:13-15, 2 Thes. 2:3-12, 2 Thim. 3:13, IsAmb. 13:1-8, 11-18, 16:13-14, 17:1-2, 8, 18:2-3, 23, 17:8, 19:19-21, 20:1-3, 7-10 **4** Rom. 5:12-21, 1 Kor. 15:20-22 **5** Math. 20:28, 26:28, Joh. 1:29, 3:14-17, 6:51, 10:11-18, 11:49-52, IzE. 5:30-31, 20:28, 26:23, Rom. 5:6-11, 1 Kor. 15:3-4, Gal. 1:3-4, 2:20, 4:4-5, Ef. 5:2, 1 Thes. 1:10, 5:9-10, 1 Thim. 2:5-6, Thith. 2:13-14, Heb. 2:9-10

## IMIZAMO EMITHATHU ENGAPHUMELELANGA UKUWISA UNKULUNKULU

*(Kuyaqhubeka kusuka ekhasini 1)*

(iyunivesi), futhi ngaphezu kwazo zonke izidalwa eziphilayo emhlabeni. UGenesise 1:28 usitshela ukuthi uNKULUNKULU wathi kubo, "Zalani, nande nigcwalise umhlaba futhi niwunqobe: nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle nezinyoni zonke zezulu, nazo zonke izidalwa eziphilayo ezihamba phezu komhlaba." UAdamu kanye noEva babephethe umhlaba wonke nakho konke okukuwo. Ngesikhathi uSathane ebakhohlisa, umhlaba wonke wawunyante esonweni ngaphansi kombuso kaSathane, ngakho-ke uNKULUNKULU wahlela ukuhlenga nokusindisa umhlaba ngokuthi ehlele emhlabeni engumuntu.[6] UNKULUNKULU wabayiNdodana yomuntu. Waziphika YENA enzela thina, kwaze kwabasekufeni KWAKHE esiphambanweni, okwalandelwa ukuvuka nokwenyukela KWAKHE eZulwini.[7]

Encwadini yaNgokukaJohane 3:16 kuthi, "Ngokuba uNKULUNKULU walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa YIYO [hhayi kuSathane noma ngubani omunye] angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade." Ukuphila okuphakade kungazuzeka kuphela uma uKRISTU onguNKULUNKULU, Indlela, Iqiniso Nokuphila eqhubeka kuwe njengokuphila kwakho (NgokukaJohane 14:6).[8] Angeke ukwazi ukuba nokuphila kwaphakade ngokuthi usho umkhuleko wezoni nje kuphela. Kufanele ukuthi ube ngumfundi. INKOSI isilayeza ukuthi sithathe isiphambano sethu bese siYilandele (NgokukaLuka 9:23-25).[9] Ukuze sibenokuphila okuphakade, asikwazi neze ukuthi sehle esiphambanweni.[10] Ngamanye amazwi, asikwazi ukuphinde sone.

USathane uyisitha esinqotshiwe.[11] Ekuqaleni, kubonakale sengathi uSathane wabe ezuze umbuso phezu komhlaba wonke, ingunaphakade. Kodwa namhlanje, uma silalela uKRISTU futhi simdela uSathane, nohulumeni wakhe womhlaba owodwa, namabandla akhe enkolo kaSathane eholwa yisiGodlo (i-Vatican), umbuso uyoba ngowethu ngoKRISTU.[12]

Umzamo wesibili womuntu ukuwisa uNKULUNKULU nombuso WAKHE waseZulwini wawuseBhabhele. Ngokusobala wehluleka. UGenesise 11:1-9 uqukethe umlando othi, "umhlaba wonke wawunolimi lunye nokukhuluma kunye. Kwathi ekusukeni kwabo empumalanga bathola ithafa ezweni laseShineyari; bakha khona. Base bethi omunye komunye: Wozani, ake senze izitini, sizishisise. Izitini zaba-ngamatshe abo, itiyela laba-ngudaka lwabo. Bathi: Wozani asakhe umuzi, nombhoshongo osiqongo sawo sisezulwini, sizenzele igama, funa sihlakazeke ebusweni bomhlaba wonke. UJehova wehla ukuba abone umuzi nombhoshongo okwakhiwa ngabantwana babantu.

"UJehova wathi: Bheka, bonke basizwe sinye nolimi lunye; yikho abaqala ngakho; manje abayikunqanyulelwa lutho abahlosa ukulwenza. Wozani, Sehle Siye ukusanganisa ulimi lwabo ukuba bangezwani, kubeyilowo nalowo ulimi lomunye. [njengama-Democrats kanye nama-Republicans angezwani namhlanje, ngakho akukho lutho olunohlonze olufezekayo]. Kanjalo uJEHOVA wabahlakazela emhlabeni wonke, baphuma lapho; bayeka ukwakha umuzi. Ngalokho igama lawo lathiwa iBhabhele, ngokuba uJEHOVA wasanganisa khona ulimi lomhlaba wonke; wabahlakazela emhlabeni wonke."

Umzamo wesithathu nowokugcina kaSathane ukuzama ukuketula uNKULUNKULU nombuso WAKHE usenzeka nanjengalomzuzu nangalesikhathi. Amadoda athize aqamba amanga athi ama-UFO (Okundizayo Okungaqondakali) abawabonayo, avela kwamanye amaplanethi, kodwa lokhu kungamanga. Lama-UFO akaveli kwamanye amaplanethi; asuka eZulwini. Isizathu sokuthi ngikwazi lokhu kungoba ngesikhathi mina noSusie siyoshada eLas Vegas, besisemgaqweni omkhulu phakathi nendawo iLos Angeles kanye neLas Vegas, phakathi nobusuku. Bekumnyama ngesikhathi uSusie, okunguyena owayeshayela, ethatha isandla sami sobunxele ethi kimi, "Tony, ake sikhuleke kuNKULUNKULU manje futhi sicele ukuthi uma ekhona ama-UFO, sicela ukuwabona." Kuyinto enesiqiniseko ukuthi izidalwa ezivela kwamanye amaplanethi azikwazanga ukuzwa umthandazo wethu kuNKULUNKULU, futhi zazingeke ziwuphendule umthandazo esasiwenza kuNKULUNKULU. Ngokuphazima kweso, imikhosi yama-UFO yaqhamuka indiza, iqonde ngqo ewindini langaphambili—i-windshield yemoto yethu. Ama-UFO eza eduze kwethu ngaze ngacabanga ukuthi azosishayisa. UNKULUNKULU waphendula umkhuleko wethu masinyane. Kwathi lapho uNKULUNKULU ephendula umkhuleko wethu ngokuphazima kweso, ukholo lwami kuNKULUNKULU kanye nokuphendula KWAKHE imikhuleko, lwaqiniswa. Lezizindiza okungathi zingamasondo kukhulunywa kaningana ngazo eBhayibhelini.[13] Zingamabutho eZingelosi, empini yezomoya kaNkulunkulu. Zihlola ububi balelizwe lanamuhla, ngaphambi kokuthi uNKULUNKULU aqede ububi obukhona lapha emhlabeni ngesikhathi sokubuya kukaKRISTU. UNKULUNKULU uthumela iZzingelosi kulesikhathi sosizi nezinhlupheko (ngokuqinisekile sisesikhathini sokuhlushwa nosizi). IZingelosi zibikela UNKULUNKULU, bese UNKULUNKULU ethumela iZingelosi ezibhubhisayo ukuze zibhubhise ezindaweni ezithize ezinokukhohlakala emhlabeni.[14] Ubhubhisa ngabo omashayabhuqe (okuyizifo), indlala, izikhukhula, ukuzamazama komhlaba, iziphepho ezinamandla amakhulu, kanye nezinye izindlela eziningi.

Ingxenye enkulu yabantu emhlabeni ikholelwa ukuthi ingamehlula uNkulunkulu ngobuqili noma ingaMqinela. Sebekhohliwe yilokho okwenzeke ngesikhathi esedlule, lapho UNKULUNKULU ahlakaze khonaimizamo yabo. USathane watshela uEva ukuthi nina ngeke nife, kodwa "niyakuba njengonkulunkulu." Kodwa waqamba amanga. Lokhu sikwazi ngoba bobabili uEva nomyeni wakhe bashona. Futhi, uNimrode kanye nabantu emhlabeni abazange baze bawuqede umbhoshongo wabo futhi abazange bawakhe umuzi wabo eZulwini. Akwenzekanga neze.

Iningi labantu emhlabeni liye lachitha izigidigidi zamadola, futhi lizimisele kakhulu, ukuchitha ezinye izigidigidi ngezigidigidi zamadola ngaphezulu kwalokho, ukuthutha abantu emhlabeni wonkana ukuya kwenye iplanethi, abacabanga ukuthi inazo zonke izimfanelo

---

**6** Joh. 1:4-13, 12:46, Rom. 5:6-21, Gal. 4:4-5, Heb. 2:14-18 **7** Math. 16:21, 20:17-19, 26:31-57, 28:1-10, 16-20, Mark. 10:32-34, Luk. 9:23, Joh. 10:7-18, Ize. 1:1-11, Gal. 2:20, Fil. 2:5-11, Heb. 12:1-3, 1 Joh. 3:16 **8** Hez. 36:27, Joh. 14:15-20, 23, 26, 15:3-7, 17:21-23, 26, Rom. 8:10-11, 12:1-2, 1 Kor. 3:9, 16-17, 2 Kor. 6:16-18, Gal. 2:20, Ef. 2:10-22, 3:16-21, Fil. 2:13, Kol. 1:27-29, 2 Thim. 1:14, 1 Joh. 3:24, 4:4, IsAmb. 3:19-21 **9** Math. 16:24-26, Mark. 10:17-30, Luk. 9:59-62, 14:26-27, 33, Joh. 12:24-26, Rom. 8:1-14, 35-37, 12:1-2, 1 Kor. 9:26-27, 2 Kor. 5:9-21, 6:1-10, Gal. 5:16-17, 24, Fil. 3:7-9, Kol. 3:5-17, 2 Thim. 2:4, Thith. 2:12, Heb. 11:8-26, 1 Pet. 4:1-2, IsAmb. 12:10-11 **10** Math. 10:22, 24:13, Ize. 14:22, Rom. 11:22, Kol. 1:22-23, 1 Tim. 4:16, 2 Tim. 2:1-3, 3:13-17, 4:5, Jak. 2:17-26, 5:10-11, 1 Joh. 2:24-25 **11** Isaya 14: 9-20, Hez. 28:11-19, Joh. 12:31, 2 Thes. 2:3-10, Heb. 2:14, 1 Joh. 2:13-14, 3:8, 4:4, IsAmb. 1:18, 12:3-4, 9-12, 20:1-3, 7-10 **12** 2 Kor. 6:14-18, IsAmb. 18:1-5 **13** Amahub. 68:17, Hez. 1:1-24, 3:12-13, Isahl. 10, 11:14-25, Dan. 7:7-9 **14** Gen. 19:1-25, 2 Sam. 24:1-17, 2 AmaKh. 19:35, 2 IziKr. 32:19-22, Amahub. 78:49, Math. 13:41-42, Ize. 12:23, 2 Thes. 1:7-9, IsAmb. isahl. 8, 9:1-5, 13-15, 14:8-11, 15-20, 15:1, isahl. 16, 18:1-2, 21, 19:17-21, 20:1-3, 21:9

zomhlaba. Kodwa akekho amaplanethi anazo lezi zimfanelo ezinjalo. Umhlaba okhohlisiwe ulala ungalele ulinde ukuthi lobuwula benzeke. Uye wakholwa izimfundiso zamanga zikahulumeni owodwa womhlaba kanye nesonto lamademoni, kokubili okuholwa nguSathane, UNKULUNKULU athe uzodukisa umhlaba wonke kulezinsuku zokugcina (IsAmbulo 12:9). UNKULUNKULU wathi, isonto likaSathane elilodwa lomhlaba, okuyilo elilawula uhulumeni owodwa womhlaba kaSathane, laliyotholakala edolobheni lamagquma ayisikhombisa (ngokusobala, lokhu kusho i-Romu, isiGodlo, neNhlangano Yobumbano Yezizwe (i-U.N.).[15] Uma ningazi ukuthi isiGodlo yilowomuzi, konke okudingeka nikwenze wukuya endaweni yezohambo nicele amathikithi wokuya edolobheni lamagquma ayisikhombisa. Bayoninika amathikithi aya eRomu, eNtaliyane. iRomu iyo kanye elawula ngobusathane i-U.N., okuyinqubo kahulumeni owodwa womhlaba. Futhi ibizwa ngokuthi "Uhlelo Olusha Lomhlaba" (okuthiwa, phecelezi, "The New World Order") nangokuthi "Isihlalo sikaSathane" (IsAmbulo 2:13). IZWI likaNKULUNKULU, ngokusebenzisa iNgelosi enezinhlupho eziyisikhombisa kanye nezinye iZingelosi, kuyakuthi maduze nje, zibhubhise umhlaba (kanye nabo bonke abantu abakhohlakele).[16]

IsAmbulo 17:1-6, 8 sithi, "Enye yeZingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa [Lezizitsha zigcwele izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina ezeza nama-UFOs, okungama-IFOs empeleni–Okundizayo Okubonakalayo(okubizwa ngama "Identifiable Flying Objects"). Siyakwazi ukuqonda lama-IFOs ngokuba sazi UNKULUNKULU kanye NEZWI LAKHE. UNKULUNKULU unguLiZWI (NgokukaJohane 1:1, IsAmbulo 19:13).], weza wakhuluma nami, [leNgelosi ikhulume nami, Johane], yathi Woza; ngizokubonisa ukwahlulelwa kwesifebe esikhulu [iSonto lamaRoma aKhatolika, iSigodlo] esihlala phezu kwamanzi amaningi, [izizwe zonke phezu komhlaba wonke]: Wonke amakhosi omhlaba [bonke abaholi bohulumeni, kanye namajaji nabashushisi beSigodlo] afeba naso [zonke izono ezinyanyekayo zokuhlukumeza nokumangalela abangenacala (abantu baNKULUNKULU)], futhi nalabo abahlala emhlabeni badakwe yiwayini lobufebe baso. [Lokhu kuchaza inqubo eqikelela ukuthi iningi labantu lingabandlululwa ngenkulumo noma ngokubhaliwe (okubizwa nge-political correctness) (okufana nomshado wobulili obufanayo, ubungqingili), ukucwaswa kwamaJuda noma ukubandlulula amaKristu, ukomela igazi, ukubulala, ukuntshontsha, nakho konke okunye okuphambene noNKULUNKULU kanye NEZWI LAKHE].

"Wangithwala mina [Johane] ngamandla KAMOYA wangisa ehlane [emhlabeni]: ngabona owesifazane ekhwele isilo esibomvu [Owesifazane yiSigodlo, inkolo yomhlaba owodwa, kanye nesilo sasendle esinombala obomvu okuyi-U.N., eyinqola yeSigodlo]. Imhambisa ezindaweni ukuze abhuqe ashabalalise imisebenzi kanye nabantu baNKULUNKULU ngokomthetho wesonto]. Owesifazane wayevunule egcwele amagama okuhlambalaza nokweyisa uNkulunkulu, [isibonelo, uma umuntu ongenwe amademoni, enengwa iZWI likaNKULUNKULU, isiGodlo kanye nohulumeni womhlaba owodwa, bakwenza isono ukukhuluma ngoNKULUNKULU ezikoleni zomphakathi, ezinkantolo, ezindaweni zombusazwe, ezikhumbuzweni, futhi nakwezinye izindawo ezibalulekile emhlabeni. Futhi ngenxa yokuthi iningi leziphathimandla ohleni lwabaphathi beSonto LamaRoma aKhatolika zingongqingili, benze umthetho omusha wokuthi ukucwaswa kongqingili kuyisono esibomvu (kuyicala lokuzonda). Ukuze uhambisana nalomqondo, kudingeka ukuthi kube wemukele uPhawu lweSilo ebunzini lakho (IsAmbulo 14:9-11). Lokhu kuyinto


*(Kuyaqhubeka ekhasini 4)*

## eKenya

Ibhalelwe iNkonzo ka Alamo,

Imikhonzo evela kithi egameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Ngikholwa wukuthi niqhuba kahle enkonzweni yakho. Sithanda ukubonga izintshumayelo zakho osithumelele zona nezincwadi zokufunda kanye nemikhuleko. Zemukelwe ngentokozo enkulu esontweni lethu nasemphakathini. Abantu abaningi banqume ukushintsha izimpilo zabo, bemukele uJESU ukuthi abe nguMsindisi wezimpilo zabo. Ngokuqinisekile izincwadi zezintshumayelo zakwa-Alamo ziqukethe umlayezo oyiqiniso ngoba uma sizidlulisela ebantwini abaningi, bayaphenduka. Lokho kusho ukuthi ziqukethe umlayezo wezikamoya ovela eNkosini (ogcotshiwe). Manje-ke bafowethu sinqume ukusabalalisa lomlayezo kuzo zonke izindawo zasemakhaya nasemasontweni ngoba uyazi ukuthi abantu abaningi base-Afrika basalandela amasiko abo endabuko. Njengamanje singabantu abacishe babe ngamashumi amabili ababiziwe nabakwazi ukuxhumana nabantu basabalalise lezincwadi ngokuhlakanipha. Manje-ke siwuqhube kahle lomsebenzi futhi sisalindele lokho okuthumele. Maqondana noMfundisi Alamo, ngikholwa ukuthi umfundisi wethu uzophuma ejele. Sithandaza ngokuhlanganyela sizile nokudla. INkosi angeke isilahle neBhayibheli nalo lisho kanjalo, njengoba nencwadi yaMahubo 34:18-19 ithi, "UJehova useduze nabo abanenhliziyo eyaphukileyo; uyabasindisa abanomoya odabukileyo. Ziningi izinhlupheko zolungileyo kepha iNkosi iyamkhulula kuzo zonke." Impi akusiyona eyakho, kepha ngeyaNkulunkulu. Funda futhi incwadi kwabaseFilipi 4:4-9.

UNKULUNKULU akubusise.
Owakho othembekile,
UMfundisi Moses Kwemboi
e-Endebess, eKenya




*Umfundisi Moses Kwemboi kanye nabanye abazalwane besabalalisa izincwadi zikaMfundisi Alamo, ezidle ubhedu ngokuphendula imiphefumulo, e-Endebess, eKenya*

15 Dan. 2:40, 7:19-25, IsAmb. 13:1-8, 14:8, isahl. 17, 18
16 IsAmb. 8:7-12, 9:1-11, 15, 14:14-20, 16:2-4, 8-12, 17-21




**INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI**
**www.alamoministries.com**

## IMIZAMO EMITHATHU ENGAPHUMELELANGA UKUWISA UNKULUNKULU

*(Kuyaqhubeka kusuka ekhasini 3)*

engokomoya futhi embi ngokwedlulele.], enamakhanda ayisikhombisa kanye nezimpondo eziyishumi [Lokhu kusitshela ukuthi uhulumeni womhlaba owodwa uyinhlanganisela yohulumeni abaninigi, ababumbene babayinto eyodwa. Banomqondo owodwa, bamukela konke okushiwo nguSathane ongathi izimpumputhe (IsAmbulo 17:12-15). USathane wenza kubukeke kungukukhombisa intshisekelo ngezwe lakini ukwemukela konke akushoyo, futhi kuwukungabuthandi ubuzwe bakho, nokumelana naye ukungemukeli konke akushoyo].

"Owesifazane wayembethe okububende nokubomvu, [lena yimibala yenkolo yamaRoma aKhatolika], futhi wayevunule ngegolide, nangamatshe anenani eliphezulu nangamaparele (ama-pearls) [Yonke imali eqoqwe ngokungemthetho uMnyango wezokuqoqa iNtela, i-Internal Revenue Service, yimali yesiGodlo. Empeleni banezigidigidi ngezigidigidi zamadola abangawamosha noma ngayiphi indlela.], ephethe inkomishi yegolide esandleni sakhe, igcwele izinengiso kanye namanyala obufebe bakhe: [IsiGodlo, futhi esiyisizinda sikaSathane, sihambisana nanoma iyiphi inhlobo yesono, emhlabeni kanye nasezweni labafileyo.] Futhi ebunzini lakhe kwaba negama elibhaliweyo, IMFIHLAKALO, IBABILONI ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE KANYENOWAMANYALA OMHLABA [isisho esithi 'kubhaliwe ebunzini lakhe' kusho ukuthi umqondo wakhe uthathekile yibo bonke ububi bukaSathane].

"Ngabona owesifazane edakiwe yigazi labangcwele [isiGodlo sikaSathane sidume kakhulu ngokubangela konke ukuchitheka kwegazi emhlabeni, kuhlanganise nokukhishwa kwezisu, Ukubulawa kwamaJuda amaningi (i-Holocaust), iNkantolo Yokuphenya Amacala Ngesihluku (okubizwa nge-Spanish Inquisition), futhi nazo zonke izimpi ezithe zenzeka], kuhlangene negazi lalabo abafela uJesu nenkolo yobuKRISTU [iNgelosi yeNkosi yatshela uJohane lokhu]: lapho ngisibona [isiGodlo]... nalabo abakhile emhlabeni bayomangala, labo amagama abo angalotshwanga eNcwadini Yokuphila selokhu kwasekelwa izwe, lapho bebona isilo ukuthi sasikhona, kepha asisekho, kanti sizakubakhona." "Isilo esasikhona" kwabe kungumbuso waseRomungaphambi kokuba uchithakale, ushabalale kanti namuhlanje uSathane uvuselele umbuso waseRomu ngomoya wakhe wobusathane, osewandiswe ngokuphindaphindiwe kwaze kwafika ezingeni lezinhlupho nobumayemaye.

Uma ngikhuluma ngokuhlushwa nokumangalelwa ibandla lami elithe lakubekezelela kuleminyaka engamashumi amahlanu edlule, angikusho lokhu ngoba ngikhononda noma ngifuna uzwelo, kodwa ngikusho ukukhombisa wonke umuntu ukuthi kulula kangakanani ukubekezelela yonke inkohlakalo yenkolo yezithixo yamaRoma aKhatolika, ngoba UNKULUNKULU unginike umbono. Lapho kungekho mbono ABANTU bayabhubha (IzAga 29:18). Kufanele sithokoze lapho sihlushwa ngenxa kaKRISTU. Kungathatha imiqulu ukukutshela ngezinye nje izinhlupheko. UNKULUNKULU wangitshela ukuthi mina kuzodingeka ngibenamandla kumoya ayizigidi eziyikhulu (100 million) ukudlula amandla omuthi omkhulukazi we-oki, othe wawa phansi lapha ngaphandle esontweni lami, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu [15] emuva kokuthi ngitshele ibandla lokho iNkosi eyabe ingitshele khona.[17] "Nibusisiwe, nxa abantu benizonda, nanxa benicwasa, benithuka, belilahla igama lenu ngokungathi libi ngenxa yeNdodana yomuntu. Thokozani ngalolosuku futhi nitshakadule: ngokuba bhekani, umvuzo wenu mkhulu eZulwini; ngokuba oyise babo benze njalo kubaphrofethi" (NgokukaLuka 6:22-23).

*(Kuyaqhubeka ekhasini 8)*

**17** Funda "The Tree," ("IsiHlahla,") Vol. 6500, "The Most Powerful Position in the Whole Universe," ("Isikhundla Esiphakeme futhi eSinamandla Kunazozonke KwiYunivesi - Emhlabeni wonke kanye neZulu,") Vol. 19700

## Endiya

Ngiyakubingelela Mfowethu kuKristu,

Sengathi uNkulunkulu angakubusisa kanye nawo wonke umzimba kaKristu enkonzweni yakho. Kuyamangalisa ukubona umsebenzi omkhulu Unkulunkulu awenzile ngemibhalo yakho yevangeli.

Ngomusa kaNkulunkulu, nangosizo lwebandla, namhlanje sithathe uhambo sahambisa lezindaba zeVangeli esigodini saseDondapudi esimaphakathi nezwe. Uhambo lwethu lube ngamakhilomitha angamashumi amane (40km) sisemanzini esiklebheni; amalunga ebandla angamashumi amathathu nesithupha abambe iqhaza. uNkulunkulu wenze umsebenzi omkhulu kakhulu esizweni samaHindu esimaphakathi nezwe. Sithemba ukuthi zisazosiza imiphefumulo eminingi edukileyo.

Ngifisa ukuthumela izithombe zethu ukuze ubone umsebenzi lapha. Umthandazo wethu ngowomfowethu uTony ukuthi aphile asheshe akhululeke.

Yimi umfowenu kuKristu,
U-Solman Raju Kola
e-Andhra Pradesh, eNdiya







*Umfowethu uSolman Raju Kola kanye neqembu lakhe labavangeli besabalalisa izincwadi zikaMfundisi Alamo emaphandleni, e-Andrha Pradesh, eNdiya*

# Ubufakazi bukaScott Durning

Ngesikhathi ngineminyaka eyishumi nanye noma eyishumi nambili ubudala, ngahlukumezeka kakhulu izehlo lapho ngahlangana nemimoya emibi eyingozi, engingathandi ngisho ukuxoxa ngayo. Emuva kweminyaka ethize, ngaya eLos Angeles, lapho ngaqala ukuthatha izidakamizwa i-LSD, ngalahlekelwa umqondo, iminyaka embadlwana. Kepha kwakungathi yiphakade. Ngangikholwa ukuthi ngangifile ngokwempela, ukuphila engangikuphila kuncike ekutheni ngidakiwe noma angidakiwe yini yi-LSD.

Ngelinye ilanga ngomusa kaNkulunkulu ngangibuka i-TV endlini yomunye umuntu. Ngafikelwa isithukuthezi, ngase ngiyicisha i-TV. Ngangisesitezi sesithathu, ngibheke efasiteleni elikhulu kuleyondlu. Ngabe sengibheka osebeni lwefasitela ngabona umbono oqhamuka kuNkulunkulu. Ngazibona ngesikhathi ngisemncane ngineminyaka eyishumi nanye ubudala, ngimi otshanini phambi kwendlu eCleveland,Ohio (lapho ngiqhamuka khona.) Ngazibheka, ngokukhulu ukushesha (imizuzwana elishumi) ngabe sengikhulile sengimdala ngiseminyakeni yobudala bami. Ngangimile otshanini phambi kwebhilidi lwama-apartment (izindlu zokuhlala ezisesitezi) oluseduze kwalapho ngangikhona. Ngaphambi kokuthi ngicabange ukuthi lokhu kusho ukuthini, uNkulunkulu wabe esekhuluma nami, wathi, “uNkulunkulu wadala ilanga; uNkulunkulu wadala inyanga; uNkulunkulu wadale umhlaba; uNkulunkulu wadala izinkanyezi; uNkulunkulu wadala utshani; futhi uNkulunkulu owenze utshani bukhule.” Ngase ngithuka. Ngase ngiphisela ngathi, “Kuseyilo ilanga elifanayo njengasekuqaleni; ngumhlaba ofanayo nasekuqaleni; kuseyimi njengasekuqaleni. Ngivele ngakhula, ngasengisangana ikhanda.”

Lokhu kwangenza ngaqala ukuzulazula ezitaladini ebusuku, ngikhuluma noNkulunkulu. Ekuhambeni kwesikhathi, uNkulunkulu wangesabisa kanzima izikhathi ezimbili, ngoba ngangisaqhubeka nokona.

Ngelinye ilanga ngiphelelwe yithemba, ngaya esontweni iTony Alamo Christian Church eliseHollywood, eCalifornia. Ngangingakaze ngiye esontweni labo, ngoba “lalingajwayelekile”. Isikhathi kwakungo 11.30 ebusuku; uTony Alamo wabekhona. UTony wabe esengiqonda ethi kimi, “kufanele uhlale lapha.” Ngenzenjalo. Ngobusuku obulandelayo enkonzweni abefundisi uTony noSusan Alamo babekhona. UTony washo ubufakazi bakhe obuphelele ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kanjani naye. Ngangingakaze ngizwe ngaphambili ngegazi likaJesu Kristu nokuthi yilona elithethelela izono. Ngezwa ubukhona bukaMoya Oyingcwele obunamandla. Abantu abangamashumi amathathu basindiswa ngalelolanga kanye nami. Ngaya egumbini lokuthandaza ngathola ukubhabhadiswa ngoMoya Oyingcwele. Ngazizwa ukuthi sengifike ekhaya. KwakunguMeyi 11, ngonyaka ka1970.

Emuva konyaka nesigamu, ngabhalela uMfumdisi uTony Alamo incwadi ngoba nganginezinkinga. Kwathi ngehora lesibili ekuseni, ngabo lobobusuku omunye wabafowethu wathi uTony Alamo uyangifonela, ufuna ukukhuluma nami. Ngangisesontweni lethu iSaugus, eCalifornia. Ngabe sengimphendula ocingweni ngathi, “Sawubona uScott lo okhulumayo.” Kwakungekho muntu ongiphendulayo. Ngaphinda ngathi, “Sawubona wuScott lo.” Ngase ngizwa iphimbo likaTony Alamo— “uNkulunkulu wadala ilanga; uNkulunkulu wadala inyanga; uNkulunkulu wadala umhlaba; uNkulunkulu wadala izinkanyezi, uNkulunkulu wadala utshani; futhi nguNkulunkulu owenza utshani bumile bukhule.” Ngezwa uMoya Oyingcwele sengathi uludonga olukhulu olungizungezile. UTony Alamo wabe esengishumayeza imizuzu engamashumi amane nanhlanu [45]. Angizange ngitshele noyedwa umuntu ukuthi UNKULUNKULU ukhulume nami, nokuthi UNKULUNKULU utheni.

Eminyakeni ngeminyaka, uMoya Oyingcwele ubelokhu efakwa kuzo zonke izincwadi nemibhalo yevangeli ebhalwe nguMfundisi Alamo, nayo yonke imiyalezo emabandleni. UTony noSusan Alamo bakhe amadolobha eMelika lapho kuhlala khona abantu. Izincwadi zakhe zeVangeli ziposwe zathunyelwa emazweni angamakhulu amabili (200), ngangezidingo zabantu. Ngibonga UNKULUNKULU ngisindisiwe futhi nginelungelo lokuba kulenkonzo.

## e-Myanmar

Sawubona Tony Alamo,

Imikhonzo efudumela kuwe, evela e-Myanmar, ekuvukeni kweNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Ngiyathandaza kakhulu, ukuthi izinto zikuhambela kahle.

Kusukela ngonyaka ka 2002, I-Rod and Staff Ministries ibilokhu imatasatasa ngemisebenzi yokutshala nokusungula amabandla, ukuvangela, ukunakekela ngezempilo, ukutakula, ukuthuthukiswa komphakathi kwezemfundo, izinhlelo zokunakekela izingane, nezimpabanga, ukukhiqiza nokusabalalisa imibhalo kubazalwane kanye nakulabo abangakholwa lapha e-Myanmar. Inhloso yethu ukufinyelela nakubantu okungafinyeleleki kubo nakunoma yimaphi amaqembu ezizwe zendabuko ase-Myanmar, sihole nabangakholwayo sibalethe kuKristu ngokubanika izincwadi, izincwajana, namaBhayibheli; sifundise ngeBhayibheli ngokuthi umuntu azifundele ngayedwa, nangokufundisa emaqenjini amancane, kanye nasemihlanganweni yezinkomfa, ngokuhumusha sibhale nezincwadi zobuKristu. Sizimisele ukukhutha nokuzama ukwenza lokhu sifinyelela kubo bonke abantu ngenxa kaKristu, nokutshalwa kwamasonto amasha.

Ngibe nogqozi ngabusiswa ukufunda incwadi yakho, “UMesiya ngokuphrofetha kweBhayibheli”. Ukusukela lapho nginentshisekelo yokuyihumushela olwimini lwamaBurmese, nolwama Hakha-Chin, nolwama Mizo(Izilimi zezizwe zaseMyanmar). Lencwadi inohlonze nomsoco omningi futhi ngithemba ukuthi izoletha imvula yezibusiso kubantu bami. Lapha e-Myanmar izimfundiso zobuKRISTU ziyingqayizivele. Nabantu abazimisele ngokuthuthukisa iVangeli, bahumushe imibhalo bayisabalalisa ngaphandle kwenkokhelo. Izincwadi zisebenza kakhulu futhi zinemiphumela encomekayo. Bangamaphesenti amane kuphela kubantu abakholwayo, ezinye izifundazwe zingaphansi kobumnyama. Kuwumthandazo wethu ukuthi sihole imiphefumulo yabaningi siyilethe ezinyaweni zikaJESU ngemibhalo yakho. Ngikholwa kakhulu ukuthi ukoma kwezinhliziyo zabo kuzodamba. (Abantu base Hakha-Chin nabase Mizo bayizizwe zabantu bendabuko abahlala ezintabeni zaseNtshonalanga nesifundazwe.) Bakhuluma ulimi lwesifundazwe sabo, abaningi balabantu abasifundi isi-Burmese. Uma ungathumela ezinye izincwadi singajabula kakhulu ukuze sibenazo emtapweni wethu wolwazi.

Sifuna ukwandisa kakhulu inkonzo yakho eMyanmar. Sizimisele ukuMsebenzela ngokuhlanganyela nawe futhi siyakumema ukuba uzokwandisa inkonzo zakho ezweni lakithi. Uma unesikhathi siyakumema ukuthi uvakashele e-Myanmar, wenzela uMbuso Wakhe.

Ngilinde ngokulangazelela ukuthola impendulo yakho. Unkulunkulu akubusise.
Emsebenzini Wakhe
Umfundisi Bawi H. Thang, UMphathi
Inkonzo i-Rod and Staff Ministries
eYangon, e-Myanmar

http://beforeitsnews.com/celebrities/2014/07/pope-francis-found-guilty-of-child-trafficking-rape-murder-2465728.html

# UPapa Francis utholwe enecala lokushushumbisa izingane, ukudlwengula, nokubulala

Isonto, Julayi 20, 2014 7:28
by Judy Byington



Izolo abamangalelwa uPapa Francis Bergoglio, Ilungu lama-Jesuit elikhulu lamaKhatolika, uJenene Adolfo Pachon noMbhishobhi oMkhulu waseCanterbury uJustin Welby, batholakale benecala lokudlwengula, ukuhlukumeza, ukubulala kanye nokushushumbisa izingane. Amajaji amahlanu enkantolo i-International Common Law Court of Justice e-Brussels athole ukuthi lamacala asanda kwenzeka nje ngonyaka ka2010. Kusukela ngoMashi odlule ofakazi abazibonele mathupha abadlula amashumi amane anesishagalombili bavele phambi kwaleNkantolo i-CLCJ ukuthula ubufakazi ngemisebenzi yabamangalelwa abayenze njengamalunga eNkolo yobuSathane yeSiyingi Sesishagalolunye Yokwenza Umhlatshela Ngezingane.

INkolo yobuSathane yeSiyingi Sesishagalolunye Yokwenza Umhlatshelo Ngezingane kubikwa ukuthi yenza imihlatshelo ngezingane emakhathedrali amaRoma amaKhatholika, eMontreal, eNew York, eRome, eScotland, eLondon, eNqabeni iCarnavon eWales, naseNqabeni yamaFulentshi (i-French Chateau) engashiwongo igama eseHolland futhi nasezindaweni zokuhlala ezikoleni zamaKhatholika aseCanada, nasezikoleni zaMandiya angamaSheshi eziseKamloops eBritish Columbia kanye naseBrantford, eOntario, eCanada. INkolo yobuSathane yeSiyingi Sesishagalolunye kukholakala ukuthi isebenzisa izixhinti zezihlahla emahlathini okungangeni abantu bonke kuwona. Kulamahlathi aseUS, eCanada, eFrance naseHolland bazenzela "Amaqembu Okuzingela Abantu" benzela izigwili ezivela emazweni ngamazwe omhlaba kubandakanya namalungu asemakhaya asebukhosini eYurophu. Kuzwakala ukuthi intsha esengamajongosi beyitholwa i-mafia bese ihlutshulwa ibe nqunu, idlwengulwe, izingelwe futhi ibulawe. Umshushisi omkhulu uthe, "Isonto lamaKhatholika liwukoperetsheni (liyihlangano esemthethweni) omkhulu kunabo bonke emhlabeni wonkana, futhi kubonakala kunomkhonyovu phakathi kwalo ne-mafia, nohulumeni, namaphoyisa kanye nezinkantolo emhlabeni wonke."

Abesifazane ababili abasengamajongosi, batshele iNkantolo ICLCJ ukuthi uPapa Francis wabadlwengula nabo ngesikhathi bebambe iqhaza emihlatshelweni yezingane. Abanye ofakazi abazibonele mathupha abayisishagalombili bavumelene nombiko wabo wokuba ngofakazi ababone ukudlwengula nokuhlatshelwa kwezingane. INkolo yobuSathane yeSiyingi Sesishagalolunye kuzwakala ukuthi yenzeke ngesikhathi sasentwasahlobo kunyaka ka-2009 kanye no-2010 ezindaweni zasemakhaya eHolland futhi naseBelgium.

UPapa uFrancis kutholakale ukuthi ube isephulamthetho ekwenzeni imihlatshelo kaSathane ngezingane ngenkathi esebenza njengompristi obambele kanye noMbhishobhi eArgentina, ngokusho kombhalo oyimfihlo otholakale endlini lapho kugcinwa khona ama-rekhodi nemilando (kuma-archives) esiGodlweni (eVatican). Irekhodi yesibili ebhalwe usuku, lukaDisemba 25, 1967 futhi ebizwa ngokuthi i-Magisterial Privilege, kuthiwa likhombisa ukuthi bonke oPapa abasha kwakudingeka ukuthi babambe iqhaza esikweni lweNkolo kaSathane yeSiyingi Sesishagalolunye lokwenza umhlatshelo ngezinsane ezisanda kuzalwa nokuphuza igazi lazo. Lemibhalo yethulwe eNkantolo i-ICLCJ ngumuntu ovelele, oyisikhulu sasesiGodlweni kanye nowake waba yisisebenzi seVatican Curia.

Ngenyanga edlule umseshi woMnyango WamaPhoyisa we-Irish Garda, (I-Irish Garda Police Force) uthule ubufakazi phambi kwamajaji ayisihlanu kanye nabasizi bamajaji (i-juri) abangamashumi amabili anesikhombisa; ubufakazi obuthi kunezimpawu kumathambo ezingane ezicishe zibalelwe kumakhulu ayisikhombisa namashumi ayisishagalolunye nesithupha (796) ezitholwe kwithange eligcina indle esigodlweni samaNdela angamaRoma amaKhatholika angama-Irish. Lezimpawu zikhombisa ukuthi lezingane zazibulawe ngokwesiko. Lofakazi ufakazele ukuthi ochwepheshe bokucubungula, bathole ukuthi ukunqunywa kwamakhanda kanye nokuqotshwa kwemizimba yalezinsane ebezingcwatshwe zaliqoqo engcwabeni elilodwa, kukhombisa izimpawo ezivamise ukubonakala lapho kubulawa ngokwesiko, noma kuhlatshelwa izingane.

IDokhumentari eyenziwe yiBBC, idalule, ihlazo elenzeke iminyaka engamashumi amahlanu lokushushumbiswa kwezingane yiBandla lamaKhatholika eSpain. Izinsane ezingaphezu kwamakhulu amathathu ezinkulungwane (300 000) zantshontshwa kubazali bazo kuze kufike eminyakeni yawo-1990. Onina bazo batshelwa ukuthi izingane zabo zashona futhi zangcwatshwa zaziningi engcwabeni ngalinye. Isonto lamaKhatholika kuthiwa lenze imali eyizigidigidi ezingamashumi amabili amaDola aseMelika ($20 billion) ngokutholela lezingane abazali namakhaya amasha (adoptions).

Omunye ufakazi uthule ubufakazi bokuthi wabe ekhona emihlanganweni kaPapa uFrancis kanye neziKhulu zempi (imilitary Junta) ngesikhathi sempi engcolile yase Argentina ngeminyaka yango1970. Ngokusho kukafakazi, uPapa uFrancis wasiza ukushushumbisa izingane eziyizinkulungwnane

ezingamashumi amathathu (30 000), okwabe kuyizingane zeziboshwa zombusazwe ezabe zidukile. Lezingane zazishushumbiswa zifakwe esiyingini esihlanganisa amazwe ngamazwe, lapho zazixhashazwa khona; lesiyingi sabe siphethwe ihhovisi eliseSigodlweni.

Uhlelo olukhethekile lwezindaba i-ABC News, ihlongoze ukuthi uSathane uhlala eSigodlweni. "Imibhalo evela eSigodlweni lapho kugcinwa ama-rekhodi nemilando eyimfihlo, futhi ethulwe enkantolo, ikhombisa ngokusobala ukuthi esikhathini esingamakhulukhulu eminyaka, bekuyicebo lamaJesuit futhi kuyinto ayisophile, ahlela ukuyenza ngamabomu ukuthi athumbe, abulale ngokwesiko izinsane ezisandakuzalwa futhi aphuze negazi lazo," kusho uMshushisi omkhulu weNkantolo i-CLCJ etshela amajaji avela emazweni ahlukene kanye namalunga e-juri (abasizi bamajaji) angamashumi amabili nesikhombisa (27). "Lelicebo ladabuka kumcabango onokusangana, umcabango wokuthola amandla okomoya ngokuchitha igazi labamsulwa, ukuze babenesiqiniseko sokuzinza kwezombusazwe kombuso wo-Phapha eRome. Le zenzo akuve kuphela ziqonde ukuqothula ziqede ngabantu, kodwa zihlelwe ngokulandela umthetho othize (nge-system ethize) kanti futhi zisekwe iziphathimandla zombuso (institutionalized). Kusukela, cishe ngo 1773, lezenzo zibonakala sengathi bezenziwa iBandla lamaRoma aKhatholika, amaJesuits kanye nabo bonke oPapa."

Uphenyo olungaguquki futhi olulokhu luqhubekile njalonjalo, luhleliwe ukuze kuphenywe futhi kubekwe amacala abanye abatholakala benze ubulelesi obuthile obudalulwe iNkantolo iCLCJ. Ngomhla lulunye kuSeptemba 2014 uphenyo oluthile luhlelwe ukuthi luqale. Loluphenyo lubizwa ngeKhomishane Eqhubekayo Yokuphenya mayelana noKushushumbisa Izingane nokuHlabela Ngokwesiko (the Permanent Commission into Child Trafficking and Ritual Sacrifice). Ukuthethwa kwamacala kulindeleke ukuthi kuqhubeke.

Ofakazi abazibonele ngamehlo abangamashumi amane anesishiyagalombili (48) bakhombe abahlukumezi babo njengoPapa bamaKhatholika, uFrancis Bergoglio, noJohn Paul Wesibili kanye noJoseph Ratzinger; Isikhulu seBandla eliBumbene lama-Anglican laseCanada, kanye nezikhulu zeSonto lamaKhatholika okubaleka phakathi kwazo amaKhadinali kanye noMJesuit wamaKhatholika Ophethe Jikelele, uJenene Adolfo Pachon; iNdlovukazi uQueen Elizabeth waseNgilandi, e-UK nowakhwakhe iNkosana uPhillip, UMbhishophi omkhulu waseCanterbury uJustin Welby neJaji laseNkantolo Ephakeme, uJustice Judge Fulford; eNetherlands: AmaKhadinali nezikhulu zakomkhulu, zamaDutch kanye nezaseBelgium, okubalwa kuzo iNkosana yoHlanga yamaDutch, uPrince Alfrink Bernhard, iNkosi uHendrick, umyeni weNdlovukazi uWilhelmina waseHolland, Indlovukazi uBeatrix, ubaba wakhe kanye nesikhulu esiyiVice-Roy, iNkosana uJohan Friso nenkosikazi yakhe uMabel Wisse Smit, oNgqongqoshe asebephumile ezikhundleni, isikhulu esiphethe jikelele Kwezamasosha Empi yamaDutch, noNobhala ongaphansi, i-under secretary yase Raad van State; izikhulu zasemasosheni nakuhulumeni zaseCanada, e-Australia, e-UK kanye neCIA yaseMelika,ongqongqoshe abaqavile kuhulumeni, amajaji, abezepolitiki kanye nosomabhizinisi baseMelika, eBelgium, eHolland, eCanada, e-Australia, eFrance, e-Ireland kanye nase-UK.

Amawaranti okubopha, ecaleni eliphakathi KwaBantu (uHulumeni) kanye noBergoglio enabanye akhishwa ngomhlaka 19 Julayi 2014. Amarekhodi enkantolo azogcinwa evaliwe okwamanje ngokusho okumenyezelwe i-ITCCS izolo, kulaba abacosha izindaba. INkantolo yokuqala yeICLCJ yayimayelana nezingane ezingu50,000 ezingokudabuka eCanada ezilahlekile, Inkantolo yafeza umsebenzi wayo ngenyanga kaNhlolanja ku2013, yasula yanikeza isinqumo sokulahla ngecala izikhulu zamazwe ezingamashumi amane kubandakanya neNdlovukazi uElizabeth.

Izingane eziyizinkulungwane ezingamashumi amahlanu (50,000) zokudabuka zalahleka kulezozikole zaseCanada ekwakuyizikole zamaKatholika ezinezindawo zokulala. Amangcwaba amakhulu, angaphezu kwamashumi amathathu nane, (34) lapho kungcwatshwe kwadidiyelwa khona izingane, atholakele kwezinye zezikole zomdabu ekuhlalwa kuzona ezingamashumi ayisishagalombili (80) eziqaqele kulolonke laseCanada. Kusukela ngonyaka ka2008 iNdlovukazi uElizabeth kanye nohulumeni waseCanada bebelokhu beqhubekile nokwenqaba izicelo zeITCCS zokuthi kugunjwe, kuvumbululwe lamathuna.

Akumangalisa ukuthi yini isizathu sokwenqaba. Indlovukazi u-Elizabeth neNkosana uPhillip balahlwa icala lokunyamalala kwezingane eziyishumi zomdabu eKamloops endaweni yokuhlala esikoleni eBritish Columbia ngomhlaka10 ku-Okthoba, 1964. Abazali abakaze bazibone izingane zabo kusukela loko. Lelicala kwabonakala ukuthi laba nesandla ekwesuleni kwaPapa Ratzinger esikhundleni sakhe. Ubufakazi obutholakale kulawomacala buyatholakala kumbhalo kaKevin Annett "Hidden No Longer" ("Okungasafihliwe").

Inkantolo yamazwe ngamazwe i-ICLCJ inezikhulu ezingaphezu kwamakhulu amane namashumi ayisihlanu (450), ezigqugquzela ukuthula ngaphansi komthetho wabantu bonke ezibizwa ngokuthi, ama-Common Law Peace Officers, asebenzela emazweni ayishumi nantathu, futhi lenkantolo inamaqembu angamashumi amahlanu nanye (51) ezindaweni ezimaduzane (amaqembu asendaweni). Izimali zokuhlela umsebenzi bezitholakala kulawomaqembu womthetho wabantu bonke (amaqembu e-common law), afisa ukufaka izicelo. Ukuze uxhumane neITCCS, iNkantolo i-ICLCJ eBrussels, izinhlangano ezingaphansi kwayo ezindaweni ezimaduzane (ombimbi basendaweni) noma ufisa ukuzinikela, thumela i-imeyli noma ushaye ucingo ku:itccscentral@gmail.com noma hiddenfromhistory1@gmail.com; 386-323-5774(USA) noma 250-591-4573(Canada).

**Maqondana nombhali**

Judy Byington, MSW, LCSW, osethathe umhlala phansi, umbhali we "Twenty Two Faces: Inside the Extraordinary Life of Jenny Hill and Her Twenty Two Multiple Personalities" (www.22faces.com) uwumumeluleki osethathe umhlala phansi, uSomlomo wesizwe, Isishoshovu kanye intatheli ephenyayo, lapho izincwadi zakhe ezingokuhlukumezwa kwezingane emazweni zibe zibaluliwe kublogo namawebhusayithi angamakhulu khulu. Umqondisi odlule, Alberta Mental Health and Director Provo Family Counseling Center uyisikhulu se Child Abuse Recovery and Speakers Bureau (www.ChildAbuseRecovery.com). Uma unodaba oluthize mayelana nokuhlukunyezwa kwezingane, siza uthemele iimeyili ku Judy info@22faces.com. Uyamenywa ukuba usayinde sicelo sethu ukuze sihlanganyele ukuphenywa kolawulo lwengqondo zeengane yiCIA, ngokuthi ucofoze lana: engqondweni ukulawula abantwana
http://www.change.org/petitions/us-congress-survivors-request-investigation-cia-mind-control-of-children

## IMIZAMO EMITHATHU ENGAPHUMELELANGA UKUWISA UNKULUNKULU

*(Kuyaqhubeka kusuka ekhasini 4)*

Ngiyanitshela ngaphambi kwaNKULUNKULU nabo bonke abakhileyo ezweni ukuthi lokho abantu abakubiza ngama-UFO akuveli kwamanye amaplanethi, kodwa iZingelosi zeZulu. Ngibophezela umphefumulo wami ngalokhu. Labo abanitshela okunye, yibona abalandeli abadusiwe baSathane, abafana noEva, abantu baseBhabhiloni, kanye ne-U.N. (Inhlangano Yobumbano YeZizwe), futhi bayonithatha kanye nabo niye esihogweni. Isintu asikwazi futhi angeke sithathe indawo kaNKULUNKULU. Isintu sehlulekile esikhathini esidlulile, futhi ngaso sonke isikhathi siyohluleka.

UJESU KRISTU uyiZWI likaNKULUNKULU. Kholwa yiZWI likaNKULUNKULU (kuJESU KRISTU), khona uzosindiswa (IzEnzo16:31). Ukwamukela uKRISTU, IZWI likaNKULUNKULU, isho lo mkhuleko:

**NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.[18] Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.[19] Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.[20] Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafileyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,[21] nokuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.[22] Ngivula umnyango wenhliziyo yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.[23] Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.[24] Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.[25] IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.[26] Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.[27] Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.[28]**

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhapathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.[29] Ngenkuthalo fundisisa iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.[30]

USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imeyli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njengoba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe neminikelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?" Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, "Sikuphange kanjani na?" Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi'— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVASEBAWOTI" (Malaki 3: 8-12).

**18** AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 **19** Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 **20** IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 **21** AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 **22** Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 **23** 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 **24** Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh1:7, IsAmb1:5, 7:14 **25** Math. 26:28, IzE2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol 1:14 **26** Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 **27** Heb. 11:6 **28** Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 **29** Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 **30** Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

*Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.*

**Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078**

**Inombolo yethu yocingo esebenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:**

**(661) 252-5686 • Fax (661) 252-4362**

**www.alamoministries.com • info@alamoministries.com**

*Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidingo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.*

**Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO**.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, *UMesiya,* ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalalisi wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

*Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)*

**LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).**

**MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.**

**Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.**

**Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:**

Kushicilelwe ngo-Agasti 2014, 2015 Wonke amalungelo agodliwe Umfundisi Womhlaba uTony Alamo Ku-Rejistwe Ngo-Agasti 2014, 2015

ZULU—VOLUME 20100—*THREE UNSUCCESSFUL ATTEMPTS TO OVERTHROW GOD*